Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO**

1. Funda leli phepha ubhale ngokulandela imiyalelo.
2. Leli phepha linemibuzo emine. Imibuzo emibili ngezinkondlo kanye nemibili ngezincwadi ozifundile.
3. Khetha umbuzo owodwa ezinkondlweni kanye nowodwa ezincwadini.
4. Yenza isiqiniseko sokuthi imiklomelo ngemibuzo oyikhethile ingama-**35** sekuhlangene.
5. Bhala kahle ngobunono nangesandla esibonakalayo.
6. Khetha umbuzo owodwa omfishane Kanye nowodwa omude (uma ukhethe umbuzo omude ezinkondlweni khetha omfishane ezincwadini kanjalo noma ukhethe umbuzo omfishane ezinkondlweni khetha omude ezindwadini).

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A (IZINKONDLO)

### UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**IZINGXABO ZOMYEZANE- E.J MAHLANGA**

Ngilangazel' ukudepha kwelenjulo,
Kotatalambu bezingxabo zomnyezane,
Laph' ukujula kwenjulo,
Kuyingcebo yomhlaba nezulu,
Laph' ukuphelela konke kwempilo,
Ingunaphakade.
Kuyisiyalu somthombo ompompoza,

Ngilubalubel' ukugxila kwelenjulo,
Ngizinz' ekujuleni kwenkululeko yomphefumulo,
Ngizinz' ekuthuleni ngijabul' unomphela,
Ngifund' ukudons' amanz' ezinkalweni,
Ngikhephuzel' uhlaza ubusika nehlobo,
Ngizwe imvunge yemvelo ivungama
Ingoma kaqinadolo nethemb' elizayo.

Ngilangazel' ukudeph' okujulile,
Kulezo zimpande zemingamanzi ngigcule,
Ngivunulis' ubuchopho ngohlaza.
Lwamaqabung' ayonginqwambis' okweqhawe;
Kuleyo mithombo yeziziba ngingaphinde ngome,
Ngigiye ngiqephuze ngosiba lakwaNgqondonkulu
Ngiqoth'uphoko nokhothe lwendlela,
Nabazukulu badle kuchitheke inyongo,
Bafinye ngendololwane bethabile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**Umbuzo Omude**

Esikhathini sanamhlanje basekhona abantu abaphokophelela ukuzuza imfundo esezingeni eliphezulu. Fakazela lesi sitatimende ubhekise impendulo yakho enkondleni ethi **'Izingxabo zomyezane'.**

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama ayi-**190** kuya kwangama-**240** **[10]**

## NOMA

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFISHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendule imibuzo elandelayo.

**ISIZIBA SENHLAKANIPHO- E.J MHLANGA**

Sizib' esijulile Njulase,
Ngiphum' emzini kababa,
Kusempondozankomo ngovivi lokusa,
Ngithwel' izihlabath' ekhanda,
Kwathiw' angonyus' amaqele,
Ngiyoncel' amanzi ngobhaqa.
Ngisuthisa wena Nzibase.
Kunamuhla lokhu ngisahamba,
Ngisathulula lesi sihlabathi,
Engisigeza ngamanz' omfula,
Olokhu kwasa ugobhoza.

Uyimpambankwici weNjulase,
Ngokuhlomel' ekedepheni.
Buph' ubunzulu bakho
Lapho ngohlala ngiphumule,
Nginethezeke ngobuqhawe.
Lokh' ungafun' ukujula
Oseku ngixabanise nowethu,
Engasabashiy' osebeni,
Bezidobel' inhlanzi ngodobo.
Ngiyokuthola nin' ukuphumula,
Komzimb' osufohlok' umhlandla,
Ngithungatha nenjulo yokudepha
Kwakho Nzulase?

Downloaded from Stanmorephysics.com

Sizinda sami ngiyophephelaphi,
Uma ngingaphepheli kuwena?
Hleze ngiyothi sengiyithonga,
Basale bedalul' imfumbe
Yobunzulu bakho siziba,
Ngoba namuhl' uyimpicabandala.

**UMBUZO 2**

2.1 Tomula imvumelwano ebinzeni lokuqala bese uyayigagula. (2)

2.2 Chaza kafushane umqondo oqukethwe ibinza lokuqala. (2)

2.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa imvumelwano emgqeni wesi- **6** kuya kowesi **-7**? (2)

2.4 Ngabe imbongi iyisebenziseleni i-enjambamenti etholakala emgqeni we-**17** kuya kowe–**18**? (2)

2.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekugqamiseni indikimba yenkondlo emigqeni wama-**25** kuya kowama-**26**? (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B (INOVELI)**

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMUDE)**

**IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI- J.C BUTHELEZI**

Abantwana abakhula kanzima kuvamile ukuthi baphumelele kunabantwana abakhula bebusa bekuthola konke abakudingayo. Fakazela lesi sitatimende ubhekisa impendulo yakho kule Noveli ethi Impi yabomdabu isethunjini.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ibe ngamagama angama-**340** kuya kwangama **-390.**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU C (UMDLALO)

## UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE

## UBHUKU LWAMANQE- E.J MHLANGA

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA C

*UThamsanqa usemsebenzini. Namuhla akafikanga ngesikhathi esejwayelekile. Ufika umzimba wakhe utubekile. Uhlezi ehhovisi imicabango isina idedelana.)*

THAMSANQA (Izandla zombili uzibeke ezihlathini. Kuyabonakala ukuthi imicabango isezinkalweni. Aze aphimisele.) Ewu madoda, umzimba wami ubuhlungu. Ungathi ngilale ngidlile kanti lutho. (Azelule okomuntu ovuka ebuthongweni.) Hmm...izinto zingimele ngenhla. Kangiyazi lento aseyiyona uPhindisiwe. Namuhla ekuseni ubengemuhle neze. Ingabe kwenzenjani madoda? Ingabe mfihlonilena ayigodlile? Okungixakayo ukuthi zonke izimo besibhekana nazo ngqo sisobabili noma ngabe zilukhuni kanjani. Kangiyazi lento esidala ukuthi angivalele ngaphandle manje. Kusha-ke lokhu. (Kukhale ucingo. Asukume aluphakamise.) Yebo, nguThamsanqa Mathonsi okhulumayo ngingakusiza?

MATHONSI Kuhle ekuseni ndodana. Niyavuka kodwa/

THANSANQA Sivuka nani kodwa Mbuya ngoba kusinda kwehlela?

(Edonsa intambo yocingo ukuze abuyele esihlalweni abehlezi kusona.)

MATHONSI Ubudoda yibona-ke lobu ndodana. Phela izinkinga yizona ezihluza ubuchopho bomuntu. Kithina sekungamahlalakhona. Sesajwayela ukuligwinya lishisa. Okubalulekile ukulwa impi eqondene nawe ngqo. Lapho-ke kufanele ukhiphe zonke izikhwepha zakho ukuze uyahlule. (Ehleka kancane)

THAMSANQA Kunjalo baba kepha zikhona ezinye izinkinga ezingaphezu kokwenza. Phela kuyashiwo ukuthi injobo ithungela ebandla noma-ke kuphinde kuthiwe iningi liyabona ububende.

MATHONSI Kunjalo ndodana. **Ngithemba uyakhumbula ngikudonsa ngendlebe ukuthi ukubuka izinto ngeso lokhozi kufanele kube yisikhali sakho.** Izimpikokazi zalo zibe yisiviko sakho. Ubuchopho balo bube yiklwa lakho lokuhlabana.

THAMSANQA Ngikhumbula kahle kamhlophe Mbuya kaMhlandla.

Downloaded from Stanmorephysics.com

MATHONSI Ngiyazi wawucabanga ukuthi ngikhuluma amazwi obunkondlo ngoba ngiyimbongi phela, kepha ngangazi ukuthi uma imizuzu yempilo ilokhu inyathelana izimo ziyaguquka. Liyabalela.

Liguqubele.

THAMSANQA Lisho uliphinde baba. Ngiyakwazi lokho.

MATHONSI Sesifikile leso sikhathi semisinga yeshisandlu engangikhuluma ngaso. Ngasho ngathi ngelinye ilanga like likhiphe umkhovu etsheni, ngelinye futhi lidlisele ngamathe ezimpukane ligcine ngakho ukuyidliva selibuyisa ngezikhukhula. Indoda ibonakala lapho-ke ukuthi izikhali zayo izifumbethe kanjani. Ewu, sengilibele ukwanda nezindaba sengikhohlwa ukungena odabeni engize ngalo, phela wena usemsebenzini ndoda ungephike nathi

**IMIBUZO**

4.1 Nikeza isizinda ngokwendawo kulesi siqeshana (1)

44. Yini imbangela yodweshu kuThamsanqa ekuqaleni kwalesi siqeshana (2)

4.3 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile amveza njengomlingiswa onjani uMathonsi? Nikeza isizathu sempendula yakho (2)

4.4 Chaza kafushane ngokuxhumana kwenkulumo-mpendulwana nesenzeko phakathi kukaThamsanqa noNkululeko ngenkathi beficana kwaMathonsi. (3)

4.5 Yamanisa ubudlelwano bomlingiswa owuSarah nokubanjwa kwenkunzi ebhange (3)

4.6 Chaza isizathu sokusetshenziswa kwesu lokubikezela ephusheni likaMaMhlongo (2)

4.7 Qhathanisa izenzo zabalingiswa okuwuKholekile noNkumbulo kubangani babo (3).

4.8 Uyavumela nokuthi uPhindisiwe usidalile isixakaxaka empilweni kaThamsanqa? (3) Sekela impendulo yakho

4.9 Ngokucabanga kwakho kwakufanele yini uNkumbulo amfihlele uThamsanqa ukuthi wayazi ngobudlelwano bukaPhindisiwe noNkululeko? Sekela impendulo yakho (3)

4.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni isiphetho salo mdlalo? (3)

**[AMAMAKI ESEWONKE: 25**

**AMAMAKI ESEWONKE [35]**